**23.(1)** Subject to subsection 12(3), the Municipality may appropriate monies received in respect of any debt contemplated in this By-law at its sole discretion, irrespective of any instruction issued by the customer directing how such monies are to be appropriated.

(2) If any amount due and payable to the Municipality in terms of this By-law has not been paid in full, any lesser amount tendered to and accepted by the Municipality does not constitute payment in full and final settlement of the full amount due, unless the lesser amount was accepted in full and final settlement in writing under a power delegated or sub-delegated to such employee in terms of section 59 of the Systems Act.

### **Actions for the recovery of outstanding amounts**

**24.(1)** The Municipality may recover charges, costs and interest on any arrear amount, which may include but are not limited to—

- (a) costs and administration fees where payments to the Municipality by negotiable instruments are dishonoured by banks when presented for payment;
  - (b) legal and administration costs, including attorney-and-client costs and tracing fees incurred in the recovery of debts;
  - (c) restriction, disconnection and reconnection fees, where any service has been restricted or disconnected as a result of non-compliance with this By-law;
  - (d) any losses the Municipality may suffer as a result of an illegal connection in respect of municipal equipment or meters; and
  - (e) any collection commission incurred.
- (2) Subject to section 18, if an amount payable to the Municipality in respect of an account for rates or municipal services remains outstanding, wholly or in part, after the due date for the payment thereof, the defaulting person may be—
- (a) listed with a credit bureau; and
  - (b) handed over to a debt collector or an attorney for collection.
- (3) In the event of an overdue account being handed over to a debt collector or an attorney for collection, the person concerned is liable for any interest and collection charges raised in respect thereof.
- (4) Any action taken in terms of this By-law may not be suspended or withdrawn unless the—
- (a) arrears, any charge, cost, interest thereon, and additional security, if required by the Municipality, have been paid in full; or
  - (b) parties in the matter enter into a written settlement agreement.
- (5) Subject to Schedule 2 item 10 of the Systems Act and in accordance with the provisions of the Policy, any amount in arrears on an account of a municipal staff member may be deducted by the Municipality from such municipal staff member's salary, as the case may be.
- (6) The Municipality may enter into an agreement with any councillor whose account is in arrears to deduct any amount in arrears from the councillor's allowance.
- (7) Charges, costs and interest recovered in terms of subsection (1) may be levied against the arrear account of the person concerned.

(8) The amount or manner of calculation of the interest charged or the amount or manner of calculation of collection charges must be passed by the municipal council with a supporting vote of a majority of its members in terms of section 75A of the Systems Act.

### **Agreement with Employer**

**25.(1)** Subject to section 103 of the Systems Act, the Municipality may in order to recover any outstanding amount due by the customer to the Municipality and, with the consent of the customer, enter into an agreement with the customer's employer to deduct from the salary or wages of the customer regular monthly amounts as may be agreed upon.

### **Acknowledgements of debt**

**26.(1)** Any person who is indebted to the Municipality may be required to sign a written acknowledgement of debt on a form determined by the Municipality for that purpose setting out the terms which are agreeable to the Municipality for the recovery of such debt.

(2) If the amount payable by a person in terms of an acknowledgement of debt contemplated in subsection (1) is payable in instalments, any payment received shall be allocated in reduction of the consolidated debt of such person in the order determined in the Policy, notwithstanding any instruction to the contrary by the person concerned.

(3) A person may be required to arrange a debit order for the payment of arrears in respect of which an acknowledgement of debt contemplated in subsection (1) has been signed by the person concerned.

(4) Subject to subsection (5), no acknowledgement of debt may provide for payment over a period longer than 24 months.

(5)(a) An acknowledgement of debt providing for payment over a period in excess of 24 months, may be accepted by the Municipality in terms of delegated authority, if special circumstances which the person could not reasonably have prevented or avoided, prevail and which, in the opinion of the CFO, warrant a longer period of payment; and

(b) documentary proof of any special circumstances as contemplated in paragraph (a) must be furnished by a person on request by the Municipality.



(6) The Municipality must, in exercising its discretion in terms of subsection (5), have regard to a person's—

- (a) credit record;
- (b) consumption of services;
- (c) ability to afford the proposed instalments, taking into account the person's financial situation;
- (d) level of service;
- (e) previous breaches of agreements for the payment of arrears in instalments; and
- (f) any other relevant factors.

(7) If a person fails to comply with the terms of an acknowledgement of debt contemplated in subsection (1), the total outstanding amount, including the arrears, any interest thereon, any collection charges, and payment of a higher deposit if required by the Municipality, will immediately become due and payable, and the additional higher deposit, if so required, must be provided, without further notice.

(8) If a person fails to comply with the terms of an acknowledgement of debt contemplated in subsection (1) that was signed after receipt of a disconnection notice for water or electricity services, or both as the case may be, the municipal service concerned may be disconnected without further notice, in addition to any other action taken against or which may be taken by the Municipality against the person concerned.

(9) The Municipality may not grant or accept an acknowledgement of debt by a person if—

- (a) that person has failed to honour a previous acknowledgement of debt for the payment of arrears to the Municipality, unless the CFO decides otherwise on good cause shown;
- (b) arrears have arisen due to dishonoured cheques or direct debit reversals;
- (c) instances of repeated illegal connections have been identified;
- (d) municipal service connections have been removed; or
- (e) any other relevant factor exists as provided for in the Policy.

(10) Once an acknowledgement of debt contemplated in subsection (1) is signed, the amount in arrears must be reflected as a current amount.

#### CHAPTER 4

## **ASSISTANCE TO THE POOR AND IRRECOVERABLE DEBTS**

### **Assistance to the poor**

27.(1) The Municipality may grant assistance to any person who is regarded by the Municipality as poor in accordance with the qualifying criteria as set out in the Policy.

(2) The person who qualifies for assistance in terms of subsection (1) must be prepared to convert to pre-payment metering whenever required by the Municipality to do so.

(3) The Municipality must conduct regular audits of persons who are receiving assistance in terms of subsection (1) to ensure that they still meet the criteria for such qualification and, if not, take the necessary steps for the withdrawal of such assistance, subject to due compliance with the Constitution and the rules of natural justice.

### **Irrecoverable debts**

28.(1) Where a debt owing to the Municipality is considered irrecoverable in terms of the criteria set out in the Policy, and provided that there is sufficient provision to cover bad debts due to the Municipality, the CFO must write off such debt in accordance with the Policy.

(2) The CFO must report to the council at its next meeting of all amounts that have been written off as irrecoverable in terms of subsection (1), and all such information must also be included in the monthly budget statements which must be rendered by the municipal manager in terms of section 71 of the Municipal Finance Management Act.

## **CHAPTER 5 MISCELLANEOUS**

### **Municipality's right of access to premises**

29.(1) In accordance with the Policy and section 101 of the Systems Act, an authorised official may access any premises at any reasonable time in order to read, inspect, install or repair any meter or service connection, or to disconnect, stop or restrict the provision of any service.

(2) Should access to the premises be unreasonably denied or prevented for the purposes of effecting a disconnection, a disconnection penalty fee may be raised in the account, over and above any penalty which may be imposed in terms of section 36 of this By-law.

### **Transmission of documents**

**30.** Where any account, notice or other document issued by the Municipality in terms of this By-law is required to be given or delivered by the Municipality to any person, such communication may be—

- (a) posted by ordinary mail to the last known address of the person;
- (b) e-mailed to the person's e-mail account provided;
- (c) messaged (sms'd) to the person's cell phone number; or
- (d) be given or delivered in terms of Section 115 of the Systems Act or the Electronic Communications Act, 2005 (Act No. 36 of 2005).

### **Prima facie evidence of information**

**31.** For the purposes of the recovery of any amount due and payable to the Municipality in terms of this By-law—

- (a) a copy of any relevant account; and
- (b) a certificate issued by the Municipality confirming the amount,

shall constitute *prima facie* evidence of the information contained in such documents.

### **Update of customer details**

**32.** A customer or owner, as the case may be, must furnish the Municipality with updated information details of such person when a change of such information occurs, or on request by the Municipality, which includes but is not limited to—

- (a) contact details of the customer or owner;
- (b) details of executors or administrators of deceased estates;
- (c) deregistration or termination of a company, close corporation or trust if the company, close corporation or trust is the account holder;
- (d) details of deceased—
  - (i) company directors;

- (ii) members of close corporations; or
- (iii) trustees of Trusts;
- (e) notice of a company or close corporation placed under business rescue or liquidation; or
- (f) any change of members, directors or trustees of a juristic person.

### **Illegal connections**

**33.(1)** An owner is responsible for taking measures to secure his or her electricity or water meter.

(2) No person may—

- (a) reconnect, attempt to reconnect or cause or permit a reconnection to any municipal service where the Municipality has restricted or disconnected such supply;
- (b) tamper, break or interfere with any municipal equipment or unlawfully use or interfere with municipal services provided by the Municipality; or
- (c) knowingly consume, use or distribute any municipal service which has been obtained in an unlawful manner.

(3) A person must notify the Municipality if he or she becomes aware of an illegal connection.

(4) Where there is evidence of an illegal connection, it shall be presumed that the owner caused or allowed such illegal connection.

(5) Where *prima facie* evidence of an illegal connection, tampering, or interference referred to in subsection (2) exists, the Municipality has the right to disconnect the supply immediately without prior notice to the owner and the owner is liable for all fees and charges levied by the Municipality for the disconnection and subsequent reconnection.

## **CHAPTER 6**

### **PROCUREMENT OF GOODS AND SERVICES BY THE MUNICIPALITY**

#### **Procurement of goods and services by the Municipality**

34.(1) When submitting a tender for the provision of goods or services to the Municipality, every tenderer must prove to the satisfaction of the Municipality that all accounts for municipal services for which the tenderer and each of its directors, members, owners, partners or trustees are liable, have been paid in accordance with the requirements contained in the Policy and the Municipality's Supply Chain Policy.

(2) The Municipality may at its sole discretion check whether all the municipal accounts of its supplier of goods or services are up to date and if found to be in arrears, any amount payable to the supplier may be set off against the arrear amount.

(3) Where a contractor's place of business is out of the jurisdiction of the Municipality, a certificate from the relevant Municipality must be produced.

(4) Where a contractor, or its directors, members, owners, partners or trustees, is indebted to the Municipality for rates or any service charges and payments are due to that contractor in respect of goods or services provided to the Municipality, or in terms of any contractual arrangement with the Municipality, the arrear amount owing may be set off against such payments.

## CHAPTER 7

### GENERAL

#### Appeals

35. (1) A person whose rights are affected by a decision taken by the Municipality in terms of this By-law may appeal against the decision in terms of the Appeals provision contained in Section 62 of the Systems Act by giving written notice of the appeal and reasons to the municipal manager within 21 days of the date of the notification of the decision.

(2) The municipal manager must promptly submit the appeal to the appropriate appeal authority.

(3) All appeals lodged are done so in terms of the Systems Act and not in terms of this By-law.

### Offences and penalties

36.(1) A person commits an offence if he or she—

- (a) obstructs, hinders, or in any manner interferes with an authorised official who is acting or who is entitled to act in terms of this By-law;
- (b) fails to comply with any lawful instruction or notices given in terms of this By-law or Policy;
- (c) deliberately furnishes false or misleading information to an authorised official;
- (d) tampers, breaks, or interferes with any equipment owned by or municipal services provided by the Municipality;
- (e) makes any misrepresentation in order to qualify for any benefit or relief in terms of this By-law or Policy; or
- (f) contravenes any provision of this By-law.

(2) Any person who is convicted of an offence under this By-law is be liable to a fine of an amount not exceeding R40 000 or to imprisonment for a period not exceeding 2 years, or to both such fine and imprisonment.

### Delegations

37.(1) Subject to the Constitution and applicable national and provincial laws, any—

- (a) power, excluding a power referred to in section 160(2) of the Constitution;
- (b) function; or
- (c) duty,

conferred, in terms of this By-law, upon the council, or on any of the Municipality's other political structures, political office bearers, councillors or staff members, may be delegated or sub-delegated by such political structure, political office bearer, councillor or staff member, to an entity within, or a staff member employed by, the Municipality.

(2) The delegation in terms of sub-section (1) must be effected in accordance with the system of delegation adopted by the council in accordance with section 59(1) of the Systems Act, subject to the criteria set out in section 50(2) of the said Act.

(3) Any delegation contemplated in this section must be recorded in the Register of Delegations, which must contain information on the—

- (a) entity or person issuing the delegation or sub-delegation;
- (b) recipient of the delegation or sub-delegation; and
- (c) conditions attached to the delegation or sub-delegation.

**Repeal of laws and savings**

**38.(1)** The By-law mentioned in the first and second columns of the Schedule to this By-law are hereby repealed to the extent set out in the third column of the said Schedule.

**Short title and commencement**

**39.** This By-law is called the Credit Control and Debt Collection By-law, 2017 and takes effect on the date of publication thereof in the *Provincial Gazette* or as otherwise indicated in the notice thereto.

**SCHEDULE  
BY-LAW REPEALED**

<i>Number and year of law</i>	<i>Title</i>	<i>Extent of repeal</i>
By-law No. 47 of 2008	eThekwini Municipality Credit Control and Debt Collection Bylaws	The whole

**ISAZISO SOMPHAKATHI**

**UMASIPALA WASETHEKWINI: UMTHETHO KAMASIPALA WOKULAWULA NOKUQOQA  
IZIKWELETU**

NGALOKHU KUKHISHWA ISAZISO sokuthi uMkhandlu kaMasipala waseThekwini usushaye uMthetho kaMasipala Wokulawula Nokuqoqa Izikweletu wonyaka ka-2017, ngokweSigaba 12 soMthetho woHulumeni Basekhaya, u-Municipal Systems Act, No.32 ka-2000.

Mnu S.C. Nzuz  
iMenenja yeDolobha

City Hall  
Dr Pixley Ka-Isaka Seme Street  
eThekwini

**UMTHETHO KAMASIPALA WASETHEKWINI WOKULAWULA  
NOKUQOQA IZIKWELETU, 2017**



Uphasiswe uMkhandlu mhla ka 28 Juni 2017



**UMTHETHO KAMASIPALA WOKULAWULA NOKUQOQA IZIKWELETU, 2017**

Wokuhlinzekela ukulawulwa kwezikweletu nokuqoqwa kwazo zonke izimali ezikweletwa noma ezidinga ukukhokhelwa uMasipala; wokuhlinzekela isidingo sokuba kubhaliswe amasevisi ahlinzekwa ngumasipala; wokuhlinzekela imithetho echithwayo negcinwayo; nokuhlinzekela okunye okuphathelene nalokho.

**ISENDLALELO**

**NJENGOBA** uMasipala unegunya ngokwesigaba 229 soMthethosisekelo weRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika ka 1996 lokunquma amareyithi omhlaba nezimali okumele zikhokhelwe amasevisi ahlinzekwa yiwona noma egameni lawo ezindaweni ezingaphansi kwawo;

**NJENGOBA** uMasipala unegunya ngokwesigaba 75A soMthetho Wezinhlelo Zomasipala Wohulumeni Basekhaya, 2000 (uMthetho No. 32 ka 2000) lokukhokhisa noma lokufuna izimali, inkokhelo noma amatharifu amayelana nanoma yimuphi umsebenzi noma amasevisi ahlinzekwe nguMasipala nokubiza izindleko zokuqoqa lezo zikweletu kanye nenzalo kunoma yiziphi izimali ezingakhokhiwe ngesikhathi;

**NJENGOBA** uMasipala unesibopho ngokwesigaba 96 soMthetho Wezinhlelo zoMasipala Wohulumeni Basekhaya, 2000 (uMthetho No. 32 ka 2000) sokuqoqa zonke izimali okumele ukhokhelwe zona, kuncike ezinhlinzekweni zalowo Mthetho nanoma yimuphi omunye umthetho osebenzayo;

**NANJENGOBA** uMasipala unesibopho ngokwesigaba 98 soMthetho Wezinhlelo Zomasipala Wohulumeni Basekhaya, 2000 (uMthetho No. 32 ka 2000) sokushaya imithetho kaMasipala ezokwenza kusebenze inqubomgomo kaMasipala yokulawula nokuqoqa izikweletu, ukuqaliswa kwayo nokusetshenziswa kwayo;

**NGAKHO-KE MANJE** umkhandlu kaMasipala kuMkhandludolobha waseThekwini, ngokwesigaba 156 sifundwa noSheduli 4 (Ingxenye B) kanye noSheduli 5 (Ingxenye B) woMthethosisekelo, futhi sifundwa nesigaba 98 no 11 soMthetho Wezinhlelo Zomasipala Zohulumeni Basekhaya, 2000 (uMthetho No 32ka 2000) ushaya lo mthetho kaMasipala olandelayo:

## **OKUQUKETHWE**

### **ISAPHLUKO 1 UKUHUNYUSHWA**

1. Izincazelo
2. Ukuhunyushwa koMthetho kaMasipala
3. Izinhloso zoMthetho kaMasipala
4. Ukusebenza koMthetho kaMasipala

### **ISAPHLUKO 2 IZIDINGO ZOKUHLINZEKWA KWAMASEVISI KAMASIPALA**

5. Ukubhalisela ukuhlinzekwa kwamasevisi kamasipala
6. Amadiphosi
7. Isivumelwano samasevisi phakathi kukaMasipala nekhasimende
8. Ukulinganiswa komthamo osetshenziswayo
9. Ukubuyezwa kwezivumelwano ezikhona zamasevisi
10. Ukunqanyulwa kwezivumelwano zamasevisi
11. Isaziso sokulandela umthetho

### **ISAPHLUKO 3 UKUPHATHWA KWAMA-AKHAWUNTI**

12. Ama-akhawunti
13. Ulwazi ngama-akhawunti
14. Ukuphatha nokuqapha ama-akhawunti
15. Ijoka lokukhokhelwa kwama-akhawunti
16. Izimangalo eziphathelele nama-akhawunti akhishwe uMasipala
17. Ukwehluleka ukukhokhela ama-akhawunti ngosuku lokukhokha
18. Amareyithi nezimasevisi kamasipala abizwa ezakhiweni

19. Ukunqanyulwa noma ukuncishiswa kwamasevisi kamasipala
20. Ukubuyiselwa kwamasevisi kamasipala
21. Inzalo
22. Izindleko zokuphatha
23. Igunya likaMasipala lokudla izimali ezikhokhiwe
24. Izinyathelo sokubuyisa izimali ezikweletwayo
25. Isivumelwano noMqashi
26. Ukuvuma izikweletu

#### **ISAPHLUKO 4**

#### **USIZO OLUNIKEZWA ABAHLWEMPU NEZIKWELETU EZINGEKE ZISAKHOKHEKA**

27. Usizo olunikezwa abahlwempu
28. Izikweletu ezingeke zisaqoqeka

#### **ISAPHLUKO 5**

#### **OKUNGXUBEVANGE**

29. Ilungelo likaMasipala lokungena ezakhiweni
30. Ukudluliselwa kwemibhalo
31. Ubufakazi obuqanda ikhanda bemibhalo
32. Ukuvuselelwa kwemininingwane yamakhasimende
33. Ukuxhuma amasevisi ngokungemthetho

#### **ISAPHLUKO 6**

#### **UKUTHENGA IMPAHLA NAMASEVISI KUMASIPALA**

34. Ukuthengwa kwempahla namasevisi kuMasipala

#### **ISAPHLUKO 7**

#### **OKWEJWAYELEKILE**

35. Ukudluliswa kwamacala

36. Amacala nezinhlawulo
37. Ukudluliselwa kwamandla
38. Imithetho echithwayo negcinwayo
39. Isihloko esifingqiwe nokuqala kokusebenza komthetho

## ISHEDULI IMITHETHO ECHITHWAYO

### ISAPHLUKO 1 UKUHUNYUSHWA

#### **Izincazelo**

1. Kulo Mthetho kaMasipala, ngaphandle uma inqgikithi isho okwehlukile —

**"I-akhawunti"** kushiwo isaziso esibhalwe phansi samasevisi kamasipala, ezinye izikweletu nezinye izimali okumele zikhokhelwe uMasipala, futhi sibhekiswa kumuntu okumele akhokhe lokho;

**"ukuvuma isikweletu"** kushiwo ukuvuma ukuthi uyakweleta nokubhala incwadi yokuzibophezela ukuthi okweletayo uzoyikhokha imali ayikweleta uMasipala, futhi kubandakanya imvume yezinqumo esiqukethwe esigabeni 58 soMthetho iMagistrates Court Act, 1944 (uMthetho No. 32 ka 1944);

**"isikweletu esisilele"** kushiwo izimali okumele zikhokhwe, ezikweletwayo futhi ezisilele ezingakhokhwanga ngosuku okumele zikhokhwe ngalo;

**"i-ejenti"** kushiwo umuntu ogunyazwe yikhasimende ukuba alimele;

**"umsebenzi ogunyaziwe"** kushiwo umuntu ogunyazwe ukusebenzisa izinhlinzeko zalo Mthetho kaMasipala, okubandakanya phakathi kokunye —

(d) iphoyisa lomthetho njengoba kuhlangozwe esigabeni 334 soMthetho Wenqubo Yokuqulwa Kwamacala, 1977 (uMthetho No. 77 ka 1977);

(e) iphoyisa likamasipala noma iphoyisa lomkhandludolobha njengoba kuqukethwe eMthethweni Wamaphoyisa WaseNingizimu Afrika, 1995 (uMthetho No. 68 ka 1995); kanye

(f) labo basebenzi, ama-ejenti, abadluliselwe amandla, izithunywa noma abahlinzeka amasevisi kuMasipala: Kuncike ekutheni ngokwezinhloso zokusesha nokushaqa impahla, uma lowo muntu engelona iphoyisa lomthetho, kumele aphekezelwe yiphoyisa lomthetho;

**"izimali ezikhokhelwa ukuba khona kwamasevisi"** kushiwo izimali ezinqunywe ngokoMthetho Wamatharifu kaMasipala nangokweNqubomgomo yamaTharifu;

**"iCFO"** kushiwo umuntu oqashwe uMasipala ngokwesigaba 56 soMthetho Wezinhlelo Zomasipala njengesikhulu Esiphezulu Sezimali kuMasipala, futhi kubandakanya noma yimuphi umuntu okungadluliselwa kuyena amandla, imisebenzi namajoka esiKhulu Esiphezulu Sezimali sikaMasipala, ngokuhambisana nohlelo lokudluliselwa kwamandla olwakhiwe yimenenja kamasipala ngokwesigaba 79 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala nesigaba 59 soMthetho Wezinhlelo Zomasipala;

**"izindleko zokuqoqa izikweletu"** kushiwo izindleko umasipala anelungelo lokuzifuna ngokwesigaba 75A(1) soMthetho Wesinhlelo Zomasipala, futhi kubandakanya izindleko zokwenza zokwenza umsebenzi –

- (a) wokukhumbuza noam yimuphi umuntu ngezimali ezingakhokhiwe;
- (b) wokunqamula, wokunciphisa noma nokubuyisela amasevisi kamasipala kumuntu ongakhokhi kahle;
- (c) wanoma yisiphi isaziso esikhishiwe, esithunyelwe, esihanjisiwe noma esishicilelwe kumuntu ngokwalo Mthetho kaMasipala noma ngokomunye umthetho;
- (d) wanoma yiziphi izimali zokudayiselana; kanye
- (e) nanoma yiziphi izindleko uMasipala anelungelo ngokoMthetho lokuzifuna;

**"uMthethosisekelo"** kushiwo uMthethosisekelo weRiphabhulikhi yaseNingizimu Afrika ka 1996 njengoba uchitshiyelwe

**"ikhasimende"** kushiwo noma yimuphi umuntu uMasipala angene naye esivumelwaneni sokumhlinzeka ngamasevisi kamasipala ezakhiweni zakhe;

**“idiphozi”** kushiwo isamba semali esifunwa nguMasipala mayelana nokusetshenziswa kwamasevisi kamasipala sokubambisa nokubhasobha ingcuphe yokungakhokhelwa kukamasipala, mayelana nesivumelwano okungenwe kusona;

**"ukunqanyulwa"** kushiwo ukunqanyulwa noma ukuncishiswa kwamasevisi kamasipala ahlinzekwa emitheni;

**“usuku lokukhokha”** kushiwo usuku okumele kukhokhelwe ngalo i-akhawunti yomuntu, okuthi uma kuyi-akhawunti yanyanga zonke kube yizinsuku ezingu 21 kusukela osukwini okukhishwe ngalo i-akhawunti, kanti uma kungeyonyaka kuba ngumhla ka 31 ka-Okthoba wonyaka olandelayo;

**"izimali ezikhokhwayo"** kushiwo izimali ezinqunyiwe ezibizwe uMasipala ekhasimendeni ukuze lihlinzekwe nganoma yimaphi amasevisi kamasipala;

**"ukuxhuma ngokungemthetho"** kushiwo noma yikuphi ukuxhuma noma ukubuyisela amasevisi ahlinzekwa ngumasipala, uma lokhu kuxhuma noma ukubuyisela kungagunyazwanga nguMasipala;

**"umhlaba weNgonyama Trust"** kushiwo umhlaba ongaphansi kweNgonyama Trust esungulwe ngokwesigaba 2 soMthetho weNgonyama Trust, 1994 (uMthetho No. 3KZ ka 1994);

**"umuntu ngokomthetho"** kubandakanya ubambiswayo, umabi wamafa, inhlango noma omunye umgwamanda, inkampani esemthethweni noma engekho semthethweni futhi kubandakanya ithrasti kanye nohlaka lombuso;

**"umkhandlu kamasipala"** noma **“umkhandlu”** kushiwo umkhandlu kamasipala waseThekwini, okungumkhandlu kamasipala okukhulunywe ngawo esigabeni 157(1) soMthethosisekelo;

**“uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala”** kushiwo uMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala Wohulumeni Basekhaya ka 2003 (uMthetho No, 56 ka 2003);

**"uMasipala"** kushiwo uMasipala waseThekwini, njengoba kuchitshiyelwe, umasipala okumkhakha A njengoba kuhlangozwe esigabeni 155(1) soMthethosisekelo;

**"imenenja kamasipala"** kushiwo umuntu oqokwe ngokwesigaba 54A soMthetho Wezinhlelo Zomasipala njengenhloko yezokuphatha emkhandlwini kamasipala;

**"amasevisi kamasipala"** kushiwo amasevisi ahlinzekwa ngumasipala ngokwamandla namajoka awo noma ukuze kuhlomule umphakathi kamasipala, kungakhathalekile ukuthi –

(a) lawo masevisi ahlinzekwa uMasipala mathupha noma ngokusebenzisa abanye abantu bangaphandle njengoba kulongozwe esigabeni 76 soMthetho Wezinhlelo Zomasipala;

(b) noma yiziphi izimali ezikhokhwayo, izindleko noma amatharifu akhokhelwa lawo masevisi;

**"umhlali"** kushiwo umuntu osebenzisa noma yisiphi isakhiwo noma ingxenye yaso, kungakhathalekile ukuthi lowo muntu uhleli ngasiphi isizathu kuleso sakhiwo;

**"umnikazi"** –

(a) mayelana nesakhiwo okukhulunywe ngaso endimeni (a) yencazelo **"yesakhiwo"**, kushiwo umuntu okubhaliswe ubunikazi besakhiwo egameni lakhe;

(b) mayelana elungelo okukhulunywe ngalo endimeni (b) yencazelo **"yesakhiwo"**, kushiwo umuntu okubhaliswe ngaye ilungelo;

(c) mayelana nelungelo lomhlaba okukhulunywe ngalo endimeni (c) yencazelo **"yesakhiwo"**, kushiwo umuntu ogama lakhe kubhaliswe ngalo ilungelo lomhlaba noma umuntu ogunyaziwe ngokwelungelo, kungabandakanyi imvume yokuhlala;

(d) mayelana nengqalasizinda yamasevisi omphakathi okukhulunywe ngawo endimeni (d) yencazelo **"yesakhiwo"**, kushiwo uhlaka lombuso olungumnikazi noma olulawula leyo ngqalasizinda yamasevisi omphakathi njengoba kulongoziwe encazelweni yegama **"elawulwa wuhulumeni"**;

(e) kubandakanya umuntu ngokwezinhloso yalo mthetho kaMasipala othathwa ngumasipala njengomnikazi wesakhiwo kulezi zimo ezilandelayo:

(i) abaphathi nabahlomula kwithrasti ngokuhlanganyela, uma kungumhlaba okwithrasti;

(ii) umphatheli noma umlawuli, uma kungumhlaba womuntu osewashona;

(iii) umphathi wethrasti noma umdayisi womhlaba odliwe, uma umhlaba kungowomuntu ocwile ezikweletini ngokungenakuhlengeka noma kungowomuntu odlelwe umhlaba ozodayiswa;

(iv) umphathi wasemajajini noma umsebenzi wokuhlangula amabhizinisi, uma umhlaba kungowomuntu ongaphansi kokuphathelwa izinto zakhe ngumthetho noma kungowebhizinisi elihlangulwayo;

- (v) umgcini wamafa noma umlawuli, uma umhlaba kungowomuntu ogcinelwe ifa lakhe noma phathelwe ifa lakhe;
- (vi) umuntu onelungelo lokusebenzisa umhlaba okwesikhashana noma enye indawo kamasipala engenalutho futhi okuthathwa ngokuthi naye ungumnikazi walowo mhlaba kanye nomnikazi wangempela obhalisiwe;
- (vii) isiqashi, uma umhlaba obhalisiwe usegameni likaMasipala futhi kuqashiswe ngawo kuleso siqashi;
- (viii) umthengi, uma umhlaba udayisiwe nguMasipala futhi ubunikazi balowo mhlaba sebudluliselwe kumthengi kodwa kusalindwe ukuba umhlaba ubhaliswe egameni lakhe ngokusemthethweni;
- (ix) ingane noma izingane zakulowo muzi uma kungumuzi ophethwe yizingane; kanye
- (x) nomnikazi okukhulunywe ngaye kwinqubomgomo kaMasipala ekhuluma ngamareyathi omhlaba kamasipala;

**"umuntu"** kushiwo umuntu siqu noma umuntu ngokomthetho;

**"iNqubomgomo"** kushiwo iNqubomgomo Yokulawula Nokuqoqa Izikweletu eyemukelwa umkhandlu, njengoba ichitshiyelwe izikhathi ngezikhathi;

**"isakhiwo"** kushiwo noma yisiphi isiqephu somhlaba, esingaba nesakhiwo noma esingenaso lapho -

(a), imingcele yaso angaphandle iklanywe ngokucacile –

(i) kwipulani ejwayelekile noma kumdwabo obhaliswe ngokoMthetho wabaKlami Bomhlaba, 1997 (uMthetho No. 8 ka 1997) , noma embhalweni owemukelwe ngaphambi kokuqala kwalowo Mthetho njengomdwabo eHhovisi lamaTayitela noma eHhovisi likaSaveya Omkhulu, noma ngokoMthetho Wokubhaliswa kwamaTayitela, 1937 (uMthetho No. 47 ka 1973); noma

(ii) isu lokuhlukaniswa komhlaba elibhaliswe ngokoMthetho Wamatayitela Ezakhiwo Ezihlangene, 1986 (uMthetho No. 95 ka 1986); noma

(b) kunencwadi esemthethweni uma kuyindawo esemakhaya noma uma kuyindawo yeNgonyama Trust, engaphakathi kwemingcele kaMasipala;

(c) kuhlinzekwa amasevisi kamasipala endaweni engaveli kumapulani;;

**"isakhiwo"** kushiwo –

(a) isakhiwo esingenakususwa esibhaliswe egameni lomuntu, okubandakanya, uma kunohlelo lwamatayitela, indlu enetayitela elibhaliswe egameni lomuntu;

(b) ilungelo elibhaliswe empahleni engenakususwa egameni lomuntu;



(c) ilungelo lokusebenzisa umhlaba elibhaliswe egameni lomuntu noma elinikezwe umuntu ngokomthetho, ingabalwa imvume yokuhlala; noma

(d) ingqalasizinda yemisebenzi yomphakathi;

**"okulawulwa uhulumeni"** kushiwo okungokohlaka lombuso noma okungaphansi kwalo okufaka –

(a) ibhizinisi lisikahulumeni elibhaliswe eMthethweni wokuPhathwa kweziMali soMasipala, 1999 (uMthetho No. 1 ka 1999);

(b) umasipala; noma

(c) ibhizinisi likamasipala elichazwe eMthethweni weziNhlelo zoMasipala;

**"amareyathi"** kushiwo amareyathi omhlaba kamasipala okukhulunywe ngawo esigabeni 229(1)(a) soMthethosisekelo abizwa ngumasipala ngokoMthetho wamaReyathi;

**"uMthetho wamaReyathi"** kusho umthetho uMthetho wamaReyathi oMhlaba woMasipala koHulumeni baseKhaya, 2004 (uMthetho No. 6 ka 2004);

**"izimali ezehlukene"** kusho isamba esibizwa ekhasimendeni esingaqondene ngqo nomhlaba noma nesakhiwo esifaka phakathi kokunye –

(f) izindleko ezidalwa umonakalo empahleni kamasipala;

(g) izimali ezikweletwa ngamasevisi kamasipala ngale kwama-reyathi, amanzi, ugesi nokuthuthwa kwendle;

(h) izimali ezabelwa uMasipala ngemiyalelo nezinqumo zenkantolo;

(i) izinhlawulo; kanye

(j) nezimali ezikweletwa uMasipala ngabasebenzi bakamasipala;

**"uMthetho weziNhlelo zoMasipala"** kushiwo uMthetho weziNhlelo zoMasipala woHulumeni baseKhaya, 2000 (uMthetho No. 32 ka 2000); kanti

**"umfaki wethenda"** kusho usonkontileka, ohlinzeka uMasipala ngamasevisi noma ohlinzeka amasevisi ofake ithenda yakhe yokuhlinzeka umasipala ngamasevisi noma yokuhlinzeka uMasipala ngempahla.

### **Ukunyushwa koMthetho kaMasipala**

**2.(1)** Uma kunokushayisana phakathi kwalo Mthetho kaMasipala obhalwe ngesiNgisi nohunyushiwe, kuyolandelwa owesiNgisi.

(2) Lo Mthetho kamasipala kumele ufundwe kanye neNqubomgomo.

(3) Uma kuba nokushayisana phakathi kwalo Mthetho kaMasipala nomunye uMthetho kaMasipala, kuyosebenza lo Mthetho kaMasipala kulezo zinhlinzeko ezithintekayo zomunye uMthetho kaMasipala eziphathelene nokulawulwa nokuqoqwa kwezikweletu.

### **Izinhloso zoMthetho kaMasipala**

**3.** Izinhloso zalo Mthetho kaMasipala –

(a) ukuqalisa ukusebenza kweNqubomgomo, nokuqaliswa nokusetshenziswa kwayo ngokwesigaba 156(2) soMthethosisekelo sifundwa nezigaba 96 no 98 zoMthetho Wezinhlelo Zomasipala;

(b) ukuhlinzekela ukuqoqwa kwezimali okumele ezikweletwa futhi okumele zikhokhelwe uMasipala; kanye

(c) nokuhlinzekela okunye okuphathelene nalokho.

### **Ukusebenza kwalo Mthetho kaMasipala**

**4.** Lo Mthetho kamasipala usebenza kuyo yonke indawo engaphansi kukaMasipala mayelana –

(a) nazo zonke izimali ezikhokhiswa nezikhokhelwa uMasipala zamareyithi noma zokuhlinzekwa kwamasevisi kamasipala;

(b) izimali ezibizwa noma ezikhokhelwa umhlinzeki wamamasevisi kaMasipala mayelana nanoma yimaphi amasevisi ahlinzekwa yilowo muntu egameni likaMasipala; kanye

(c) nanoma iyiphi imali ekweletwa uMasipala.

## **ISAHLUKO 2**

### **IZIDINGO ZOKUHLINZEKWA KWAMASEVISI KAMASIPALA**

#### **Ukubhalisela ukuhlinzekwa ngezidingo uMasipala**

**5.(1)** Umfakisicelo mayelana namasevisi kamasipala kufanele alandele indlela yokubhalisa ebekwe nguMasipala kwiNqubomgomo ukuze ahlinzekwe ngalawo masevisi, okubandakanya phakathi kokunye –

(a) ukuletha isicelo esibhaliwe sokwenzelwa lokho ngefomu elinqunyelwe lokho nguMasipala;

- (b) ukunikeza noma iluphi ulwazi noma izincwadi ezidingwa nguMasipala ngenhloso yalokho kubhalisela amasevisi;
- (c) ukungena esivumelwaneni samasevisi noMasipala; kanye
- (d) nokukhokhwa kwediphozi eyisamba esinqunywe yi-CFO ezogcinwa uMasipala njengesibambiso sawo wonke amasevisi uMasipala awahlineka umfakisicelo.

(2) Uma umfakisicelo evele eyikhasimende likaMasipala nganoma imaphi amanye amasevisi ahlinzekwa uMasipala lapho esilele khona emuva ngokukhokha, lowo ofake isicelo kufanele –

- (a) ayikhokhe yonke imali esilele; noma
- (b) ngokubona kukaMasipala, enze izinhlelo ezifanele noMasipala zokukhokha leyo mali esilele, ngaphambi kokuba kunakwe isicelo sakhe samasevisi amasha ngokwalo mthetho kaMasipala.

.

### **Amadiphozi**

6.(1) Ukukhokhwa kwediphozi ebalulwe esigatshaneni 5(1)(d) kuncike kwinqubo eyonqunywa yi-CFO ngokweNqubomgomo futhi ikhokhwa –

- (a) ngesikhathi kufakwe isicelo samasevisi kaMasipala;
- (b) nanganoma isiphi esinye isikhathi uMasipala abona sifanele.

(2) Idiphozi kumele ikhokhwe ngokheshi ngaphandle uma iNqubomgomo isho okunye.

(3) Uma kungasetshenziswanga masevisi kamasipala esakhiweni, kungakhokhwa imali yokuba khona kwawo enganqunywa uMasipala mayelana naleso sakhiwo esithintekayo.

(4) Amadiphozi akhokhwa yikhasimende kuMasipala kumele agcinwe njengesibambiso sazo zonke izimali ezikweletwa yikhasimende ezivela kwi-akhawunti.

(5) UMasipala ngokubona kwawo ungacela ikhasimende ukuba lenyuse imali yesibambiso okukhulunywe ngayo endimeni 5(1)(d).

(6) Idiphozi engukheshi yekhasimende egcinwe nguMasipala angeke ibe nayo inzalo.

### **Isivumelwano samasevisi phakathi kukaMasipala nekhasimende**

7.(1) UMasipala angeke asemukela isicelo sokuba ahlinzeke noma yimaphi amasevisi, ngaphandle uma ofake isicelo esayine isivumelwano efomini elibekelwe lokho nguMasipala emukela imigomo nemibandela yamasevisi, konke lokho okuthathwa ngokuthi kuqukethwe kulo Mthetho kaMasipala.

(2) Uma kushintsha inhloso nobungako bokusetshenziswa kwamasevisi kaMasipala, kulele ekhasimendeni ukwazisa uMasipala ngalezo zinguquko.

### **Izilinganiso zokusetshenziswa kwamasevisi**

8.(1) UMasipala kufanele enze isikalo esinembayo samasevisi ahlinzekwa ikhasimende ngezikhathi ezithile ngokwenqubomgomo yamanzi nekagesi: Kuncike ekutheni akukho lutho kule kulesi sigaba okuvimbela uMasipala ekuhlawumbiseleni ukusetshenziswa kwamasevisi kaMasipala noma isikhathi esingakanani uma —

- (a) ukufundwa kwemitha bekungetholakale ngesikhathi esishiwoyo;
- (b) ebaleni kungafakwe mitha lokukala ukusetshenziswa;
- (c) nangasizathu sini iwashi lingafundekanga; noma
- (d) ngenxa yokuxhuma ngokungemthetho, imitha ingeke ifundeke.

(2) Kungakhathaleki ukuthi izimali ezikhokhelwa ukusetshenziswa kwamasevisi kaMasipala ziyiqiniso noma zihlawumbiselwe, ikhasimende elithintekayo linomthwalo wokukhokha izimali ezinqunyiwe zalokho.

### **Ukubuyekwezwa kwezivumelwano ezikhona zamasevisi**

9.(1) UMasipala angayibuyekeza imigomo nemibandela ekhona yesivumelwano samasevisi anaso nekhasimende ebhekelela —

- (a) noma iziphi izinguquko emthethweni;
  - (b) noma iziphi izinguquko esimweni esiqondene nekhasimende; noma
  - (c) noma iziphi izinguquko eziphathelene nokuhlinzekwa kwamasevisi kamasipala nguMasipala
- bese ecela ukuba ikhasimende lingene esivumelwaneni esisha noMasipala esincike kwizinguquko emthethweni nasesimweni sekhasimende.

(2) Izigatshana 6(4) no 6(5) zisebenza noma kuyiphi idiphozi noma isibambiso ikhasimende elisikhokhela ukuhlinzekwa kwamasevisi okusha okushiwo esigatshaneni (1).

### **Ukunqanyulwa kwezivumelwano zamasevisi**

**10.(1)** Kuncike ezigabeni 17 no 26, uMasipala unganqamula isivumelwano sokuhlinzekwa kwamasevisi uma –

(a) ikhasimende linikeze umasipala isaziso sezinsuku ezingekho ngaphansi kwezingu-14 kuMasipala senhloso yekhasimende yokwenze njalo; noma

(b) ummasipala enikeze ikhasimende isaziso sezinsuku ezingekho ngaphansi kwezingu-14, uma ikhasimende elithintekayo lephule noma lehluleke ukulandela imigomo ethile esesivumelwaneni sokuhlinzeka amasevisi, futhi lehlulekile ukulungisa lelo phutha noma ukuyeka lesenzo ngemuva kokunikezwa isaziso sokuthi lenze njalo ngokwesigaba 11 salo Mthetho kamasipala.

### **Isaziso sokulandela umthetho**

**11.** Kumele kunikezwe ikhasimende noma umuntu isaziso esibhalwe phansi sokulandela umthetho –

(a) ukuse kugwenywe ukuthi kunqanyulwe isivumelwano sokuhlinzekwa kwamasevisi okungenwe kusona ngokwesigatshana 10(1)(b); noma

(b) uma kwepulwe izinhlinzeko zalo Mthetho kaMasipala futhi uMasipala enombono wokuthi kunesidingo sokuthi kukhishwe lesenzo.

## **ISAHLUKO 3**

### **UKUPHATHWA KWAMA-AKHAWUNTI**

#### **Ama-akhawunti**

**12.(1)** UMasipala kumele ugcine ama-akhawunti abhalwe kahle futhi ayiqiniso okumele agcinwe futhi aphathwe yiwo ngokuhambisana neNqubomgomo, nalo Mthetho kaMasipala kanjalo neminye imithetho esebenzayo.

(2) Ukwehluleka kukaMasipala ukuhlela kahle i-akhawunti akunikezi ikhasimende isizathu zokungayikhokhi imali okumele ikhokhwe yilelo khasimende ngokwalo Mthetho kaMasipala.

(3) UMasipala, ngokuhambisana nesigaba 102 soMthetho weziNhlelo zoMasipala –

(a) ungahlanganisa ama-akhawunti ehlukeni ekhasimende okumele liwakhokhe kuMasipala;

(b) ungabhalisa imali ekhokhwe yilelo khasimende kunoma iyiphi i-akhawunti yalelo khasimende; futhi

(c) ungaqala noma iziphi izindlela zokuqoqa isikweletu noma zokulawula isikweletu ezihlinzekiwe kulo Mthetho kaMasipala noma kwiNqubomgomo mayelana nanoma iyiphi imali engakhokhiwe kunoma iyiphi i-akhawunti yekhasimende.

(4) Uma kwenzeka kuhlanganiswa ama-akhawunti ehlukenene njengoba kuhlangozwe kwisigatshana (3), isamba esiphelele okumele sikhokhwe ikhasimende kumele sisho isikweletu esihlanganisiswe, kanti imali ekhokhwayo yikhasimende engaphansi kwesamba esiphelele esikweletayo, kuncike kwisigaba 23, siyofakwa esikweletini esihlanganisiswe ngendlela enqunywe yi-CFO ngokubona kwayo.

(5) Noma iyiphi imali ekhohwa yikhasimende engaphezu kwemali ekweletwayo –

(a) ingagcinwa kwi-akhawunti yekhasimende ukuze ikhokhele amareyithi nezimali zangomuso zamasevisi kaMasipala noma ngenhloso ehlongozwe esigabeni 18(1)(b), ngale kokuthi ibe nenzalo leyo mali;

(b) ingabuyiselwa yonke noma ingxenywe yayo kwikhasimende elithintekayo, kuncike kwilungelo likaMasipala lokugodla ukukhokhwa kwayo kuze kuqinisekise ukuthi ukubuyiselwa kwaleyo mali akwephuli mithetho; noma

(c) ingabuyiselwa kummeli wokudayiswa komhlaba uma umhlaba udayiswa.

(6) Uma uMasipala uthola ukuthi ikhasimende seliphumile ezakhiweni ebezibhalwe njengekheli lalo ngokwalo Mthetho kaMasipala, uMasipala kumele, ngemuva kokubamba izimali ezikweletwayo akhokhele lelo khasimende izimali ezisele lapho kwi-akhawunti eshiywe yilelo khasimende isikhathi esinqunywe yiNqubomgomo kusukela osukwini uMasipala athole ngalo ngokunyamalala kwekhasimende.

(7) Uma sekuphele isikhathi esibekwe kwisigatshana (6), izimali ezisele, nenzalo yazo okungenzeka ukuthi itholakele ngokoMthetho kaMasipala wokuqoqa nokulawula izikweletu ochithwayo noma ezinye izinqubomgomo ezemukelwa phambilini, , ziyodliwa uMasipala, ngaphandle uma i-CFO ingagculisekile ukuthi kufanele futhi kulungile ukwenze njalo.

### **Ulwazi lwama-akhawunti**

**13.(1)** Ngale kokubeka imikhawulo mayelana nolwazi okumele uMasipala alufake kwi-akhawunti yekhasimende, noma iyiphi i-akhawunti evulwe uMasipala yekhasimende kumele ibe okungenani nale mininingwane elandelayo –

- (a) amasevisi asetshenzisiwe noma izilinganiso zalokho njengoba zinqunyiwe ngaleso sikhathi sokusetshenziswa kwazo;
- (b) isikhathi sokusetshenziswa noma sezilinganiso zokusetshenziswa kwamasevisi;
- (c) izimali ezikweletwayo zamasevisi asetshenzisiwe noma izilinganiso zalokho;
- (d) imali okudingeka ikhokhwe futhi ikhokhelwe amanye amasevisi kamasipala;
- (e) izimali ezikweletwayo nezikhokhelwa izinto ezahlukahlekene;
- (f) izimali ezingakhokhiwe, uma zikhona;
- (g) inzalo yezimali ezingakhokhiwe, uma ikhona;
- (h) izindleko zokuqoqwa kwezimali uma zidingeka;
- (i) usuku lokugcina lokukhokha; kanye
- (j) nohlobo, izindawo nezikhungo ezigunyaziwe lapho kungakhokhwa khona.

#### **Ukuphathwa kokuqashwa kwama-akhawunti**

**14.** UMasipala kumele, kuncike esigabeni 8, uqalise izindlela ezifanele zokuqinisekisa –

- (a) ukubalwa kwamamitha ngendlela izikhathi ngezikhathi;
- (b) ukugwema ukubambezeleka phakathi kokuxhunywa kwamasevisi nokukhokhwa kwama-akhawunti kokuqala nokulandelayo;
- (c) ulwazi oluyiqiniso noluvuselelwe oluqukethwe kuma-akhawunti amakhasimende;
- (d) ama-akhawunti ayiqiniso anyanga zonke ngokusetshenziswa kwezimali ezifanele ezinqunyiwe, amareyithi nezinye izimali ezikhokhwayo;
- (e) ukuthunyelwa kwama-akhawunti ekhelini elifanele elilethwe yikhasimende;
- (f) ukuhlinzekwa nokusebenza ngendlela kwezindawo zokukhokha kuwona wonke uMasipala;
- (g) uma kunesidingo, ukuqokwa kwama-ejenti azokwamukela izimali ezikhokhwayo egameni likaMasipala; kanye
- (h) namahora afanele okusebenza ukuze kukhokhwe ama-akhawunti.

#### **Ijoka lokukhokhwa kwama-akhawunti**

**15.(1)** Kuyijoka lekhasimende ukuqinisekisa ukuthi i-akhawunti yalo iyakhokhwa zikhathi zonke nokuthi ayikweleti.

(2) Uma ikhasimende liyisiqashi kuleso sakhiwo, umnikazi wesakhiwo kumele naye abe nejoka elifanayo nesiqashi mayelana nokukhokhwa kwesikweletu saleso sakhiwo.

(3) Isigatshana (2) asisebenzi uma kukhokhwa amareythi, ngoba wona ayijoka lomnikazi wesakhiwo kuphela.

### **Izimangalo mayelana nama-akhawunti akhishwa uMasipala**

**16.(1)** Umuntu kumele afake isimangalo esibhalwe phansi kuMasipala ukuphonsela inselelo ukuba yiqiniso kwemininingwane yezimali okumele ikhokhwe yilelo khasimende ebhalwe kwi-akhawunti ekhishwe uMasipala ngokwalo Mthetho kaMasipala: Kuncike ekutheni leso simangalo kumele sifakwe kuMasipala ngaphambi noma ngosuku lokukhokha olubhalwe kuleyo akhawunti.

(2) Umuntu kumele, uma kusalindwe kuxazululwe isimangalo, aqhubeke nokukhokha nyanga zonke izimali ezikhokhwayo mayelana namareythi, uma ekhona, noma mayelana nemisebenzi ehlinzekwa umasipala, njengoba kungaba njalo, kuncike ezimalini ebezijwayele ukukhokhwa nyanga zonke ezinyangeni ezintantu ezedlule ngaphambi kokuthi kube nesimangalo, kanye nenzalo uma ikhona, kuze kube kuxazululwa isimangalo.

(3) Uma umuntu ehluleka ukufaka isimangalo ngesikhathi esibekwe kwisigatshana (1), zonke izincwadi ezivela kwikhasimende ngemuva kwaleso sikhathi eziphathelele nokulungiswa noma nokuba yiqiniso kwe-akhawunti, ziyothathwa njengemibuzo futhi –

(a) i-akhawunti angeke imiswe; futhi

(b) leyo mibuzo kumele ihambisane nokukhokhwa kwemali okungenani ejwayelekile ekhokhwa nyanga zonke ebikade ikhokhwa esikhathini esiyizinyanga ezintathu ezedlule.

(4) Uma kufakwe isikhalo noma isimangalo ngenani lomhlaba ngowezigaba 50 no 54 zoMthetho Wamareythi, uma sekushicilelwa uhlu lokulinganiswa kwamanani olusha noma oluyisithasiselo ngokwesigaba 49 soMthetho wamaReythi, umnikazi kumele aqhubeke nokukhokha kuMasipala amareythi abevele ekhokhwa phambilini abhalwe ohlwini lokulinganiswa kwamanani ngaphambi kokuba kufakwe isikhalo noma isimangalo.

(5) Noma isiphi isamba okungamangalwanga ngaso kumele sikhokhwe sonke umuntu othintekayo kanti umasipala ungavala noma unciphise amasevisi awo uma lezo zimali zingakhokhwa.

(6) UMasipala kumele abhalise umbuzo bese ethatha izinyathelo ezifanele ukuqinisekisa ukuthi isimangalo noma umbuzo uyaphendulwa ngesikhathi esifanele.



(7) UMasipala kumele –

(a) aphenye noma avumele ukuba kuphenywe isimangalo ezinsukwini ezingamashumi amathathu (30), noma ngokushesha ngemuva kokuba kutholakale leso simangalo; futhi

(b) azise umuntu, ngencwadi, ngemiphumela ngokushesha ngemuva kokuba kutholakale imiphumela yophenyo, eshoyo ukuthi umuntu uzobuyiselwa imali ekhokhwe ngokweqile kwi-akhawunti yakhe noma kokunye, ukuthi izimali esishodayo kwi-akhawunti yalowo muntu kumele, ngokwesigaba 23, zikhokhwe ngesikhathi esifanele kusukela osukwini umuntu aziswe ngalo, ngaphandle uma kudluliswa isimangalo ngokwesigatshana (8).

(8) Ngaphandle uma umuntu enikeziwe ilungelo lokudlulisa isimangalo ngokwanoma imuphi omunye umthetho, umuntu, kuncikwe kwisigaba 54, angadlulisa isimangalo ngencwadi kwiMenenja kaMasipala ngokwesigaba 62 soMthetho weziNhlelo zoMasipala ngesinqumo okukhulunywe ngaso kwisigatshana (7), ezinsukwini ezingu 21 kukhishwe isaziso ngesinqumo.

(9) UMasipala kumele azise umuntu othintekayo ngencwadi mayelana nesinqumo sokudlulisa icala, asho ukuthi noma iyiphi imali okutholakale ukuthi ikhokhwe ngokweqile izobuyiselwa kulowo muntu noma, kokunye, ukuthi imali eshodayo emalini okumele ikhokhwe kumele mayikhokhwe ezinsukwini eziyisikhombisa kusukela osukwini umuntu aziswe ngalo.

(10) UMasipala uyonikeza umuntu amarekhodi emibhalo yeminyaka emihlanu edlule kuphela.

### **Ukwehluleka ukukhokha ama-akhawunti ngosuku lomnqamulajuqu**

17.(1) UMasipala kumele uthathe izinyathelo ezifanele ukuqoqa izimali zama-akhawunti ezingakhokhiwe sekwedlule usuku lomnqamulajuqu lokukhokhwa kwawo.

(2) Uma –

(a) isiqashi noma ohlala esakhiweni esikweletayo; noma

(b) i-ejenti egameni lomnikazi wesakhiwo esikweletayo,

uMasipala ungafuna kuleso siqashi, kumhlali noma kwi-ejenti lezo zimali ezikweletwayo isiqashi, umhlali noma i-ejenti yomnikazi, njengezimali ezidlulewe yisikhathi ezikweletwa yilowo mnikazi.

(3) UMasipala angaqaqqa zonke izimali noma ingxenye yazo kwisiqashi, kumhlali noma kwi-ejenti ngale kwesibophezelo senkontileka esikhona phakathi komnikazi nesiqashi, nomhlali noma i-ejenti yakhe.

(4) Isamba uMasipala angasiqoqa kwisiqashi, kumhlali noma kwi-ejenti aseqi kwisamba serenti noma ezinye izimali ezikhokhwayo, kodwa ezingakakhokhwa isiqashi, umhlali noma umnikazi.

(5) Uma isiqashi, umhlali noma i-ejenti yenqaba ukukhokha izimali ezikweleta uMasipala ngokwalesi gaba, kunganqanyulwa wonke amasevisi kamasipala ahlinzekwa lesi siqashi, umhlali noma i-ejenti.

(6) Ngaphambi kokuthi kuyiwe enkantolo ngezimali ezidlulewe yisikhathi, uMasipala angathumela isaziso sokugcina sokufuna izimali, esiyovela kwi-akhawunti ebhekiswe kumuntu okweletayo, esiyalela ukuba lowo muntu azokhokha ngesikhathi ezibekiwe, okungathi uma ehluleka kuthathwe izinyathelo zomthetho zokuqoqa lesi sikweletu.

(7) Ukwehluleka kukaMasipala ukuthumela isaziso sokugcina sokufuna imali akukhululi ikhasimende ukuthi lingakhokhi izimali ezedlulelwe yisikhathi.

### **Amareyathi nezimali zamasevisi kaMasipala ezibizwa esakhiweni**

**18.(1)** Izimali okumele zikhokhelwe amasevisi kamasipala namanye amareyathi, izintela, izimali ezikhokhwayo kubizwa kwisakhiwo, futhi uMasipala ungathatha noma isiphi salezi zinyathelo ukuthola izimali zalokho:

(b) unganqamula noma unciphise ukuphakelwa kwamasevisi kamasipala ngokwesigaba 19;

(b) ungafaka yonke noma ingxenye yezimali ezikhokhwe kwi-akhawunti noma yonke noma ingxenye yezimali ezikhokhwe phambili kwi-akhawunti njengoba kuhlongozwe endimeni 12(5)(a), njengezimali ezikhokhelwa amasevisi kamasipala noma zamareyathi ezidlulelwe yisikhathi;

(c) Kuncike esigabeni 118(1) soMthetho weziNhlelo zoMasipala, ungavimba ukukhishwa kwesitifiketi sokukhululwa kwamareyathi noma kwengeniso kuze kube kukhokhwa zonke izimali ezikweletwayo mayelana naleso sakhiwo yamasevisi kamasipala, izimali ezikweletwayo ezixubile, ezamareyathi nezinye izintela zikamasipala, izimali ezikhokhwayo nezidingekayo ngesikhathi ezihlongozwe endimeni 118(1)(b) yoMthetho weziNhlelo zoMasipala;

(d) ungavala ukuphakelwa kukagesi ohlinzekwa ngemitha kunoma iziphi izakhiwo uma lezo zakhiwo zikweleta imali edlulelwe yisikhathi ngokwencwadi yesikweletu esihlanganisiwe, noma wenqabe ukuhlinzeka umuntu onekhadi noma isigqebhezi zokusebenzisa ugesi wekhadi ohlinzekwa noma isiphi isakhiwo esinecala lezimali ezidlulelwe yisikhathi ngokwanoma iyiphi incwadi yesikweletu ehlanganisiwe;

(e) ungenqaba ukubhalisa amakhasimende amasha ukuba athole amasevisi kuleso sakhiwo kuze kube kukhokhwa izimali ezikweletayo;

(f) uma kuyisikweletu esihlanganisiwe, ungathatha lezo zimali ezidlulelwe yisikhathi kwisiqashi noma kumhlali okunguyena okweletayo isikweletu esihlanganisiwe, noma kwi- ejenti njengoba kuhlangozwe ezigabeni 28 no 29 zoMthetho wamaReyithi; noma

(g) ungasebenzisa wonke amanye amalungelo avumelekile ngokoMthetho.

(2) UMasipala, ngokwezinhloso zokuphuthula ukukhishwa kwesitifiketi sokukhokhwa kwengeniso esihlongozwe esigatshaneni 18(1)(c), angacela odayisa isakhiwo ukuba alethe ubufakazi noma imibhalo eyesekayo enganqunywa nguMasipala.

### **Ukunqanyuwa noma ukuncishiswa kwamasevisi kamasipala**

**19.(1)** UMasipala unganqamula noma unciphise ukuphakelwa kwanoma imaphi amasevisi ngokwezinqubo ezibekiwe zokunqanyulwa noma zokuncishiswa kwamasevisi ezibekwe kulo Mthetho kaMasipala, kwiNqubomgomo nakunoma imuphi omunye umthetho osebenzayo kunoma isiphi isakhiwo uma ikhasimende, umnikazi, umhlali, njengoba kungaba njalo, mayelana nezinsiza zikamasipala ezithintekayo –

(a) ehluleka ukukhokha imali ephelele ekweletwayo ngosuku noma ngaphambi kosuku olungumnqamulajuqu lokukhokhwa kwayo, futhi ikhasimende lehluleka ukusayina incwadi yokuvuma isikweletu ngokwesigaba 26 mayelana nezimali ezikweletwayo ngaphambi kokunqanyulwa noma kokuncishiswa;

(b) ehluleka ukukhokha izitolimende ezikhokhwayo ngokwesivumelwano okukhulunywe ngaso endimeni (a) ngosuku noma ngaphambi kosuku olungumnqamulajuqu;

(c) ehluleka ukulandela imibandela ebekwe uMasipala mayelana namasevisi athintekayo;

(d) ephazamisa ukuhlinzekwa ngendlela kwamasevisi kamasipala kwamanye amakhasimende;

(e) ehlinzeka ngamasevisi athintekayo kumuntu okungamele ngabe uyahlinzekwa noma evumela lokho ukuthi kuqhubeke;

(f) enza isigameko, ngokubona kwe-CFO, esiyingozi noma esichazwa njengesephula umthetho othile, kubandakanya umthetho owaziwayo;

(g) ekokotela imitha kagesi noma yamanzi ngenhloso yokuwabuyisela ngaphandle kolwazi noma kwemvume kaMasipala ekubeni kade evaliwe noma encishisiwe;

(h) edlelwe impahla okwesikhashana, ehlahkazi noma ephathelwe impahla amajaji, noma engaphansi kohlangulo lwamabhizinisi noma ecwile ezikweletini ngokoMthetho wokuCwila eziKweletini ka 1936 (uMthetho No. 24 ka 1936 (uMthetho No. 24 ka 1936) noma ephathelwe ipahla ngokwesigaba 74 soMthetho weNkatolo yeMantshi, 1944 (uMthetho No. 32 ka 1944), futhi ehluleka ukungena esivumelwaneni esisha sokuhlinzekwa izidingo ezinsukwini ezingu 14 kusukela uMasipala ecele leso sivumelwano ngokwesigaba 9 sifundwa nesigaba 18 salo Mthetho kaMasipala; noma

(j) ehluleka ukwazisa uMasipala ezinsukwini ezingu 30 kusukela osukwini lokushona kwekhasimende.

(2) UMasipala kumelele azise ikhasimende ngokunqanyulwa kwamasevisi ngokutshela lowo muntu ukuthi –

(a) ukuhlinzekwa kwalawo masevisi athintekayo, kuzonqanyulwa, noma kunqanyuliwe ngosuku olubekwe kwisaziso; futhi

(b) yiziphi izinyathelo ezingathathwa ukuze kubuyiselwe lawo masevisi.

(3) Isaziso sokunqanyulwa kwamasevisi singafakwa encwadini yesikweletu nanokunoma iyiphi incwadi ekhishwe ngokwalo Mthetho kaMasipala.

(4) Uma ikhasimende lihlose ukuvala noma ukunciphisa amasevisi kaMasipala, ikhasimende kumele lihlinzeke uMasipala ngesaziso salokho ngesikhathi esinqunywe kwiNqubomgomo.

### **Ukuxhunywa kabusha kwamasevisi kamasipala**

**20.(1)** Uma amasevisi kaMasipala kade evaliwe noma encishisiwe uMasipala ngokwesigaba 19, ukuhlinzekwa kwalawo masevisi kungangabuyiselwa konke noma ingxenye yakho kuze kube –

(a) kukhokhwa yonke imali edlulele yisikhathi, kubalwa nenzalo nezindleko zokuyiqoqa, uma zikhona;

(b) kungenwa esivumelwaneni ngokwesigaba 26 sokukhokha imali ekweletwayo ehlongozwe endimeni (a);

(c) kukhokhwa yonke imali edlulele yisikhathi mayelana nanoma isiphi isivumelwano okukhulunywe ngaso endimeni (b), kubandakanya inzalo nezimali zokuqoqa, uma zikhona, nanoma iyiphi idiphozi eyengeziwe, uma kudingeka; noma

(d), kulandelwa noma imuphi umbandela i-CFO esiwubona ufanele, kubandakanya ukukhokhwa kwezimali ezengeziwe zediphozi.

(2) Uma sekuhlangatshezwe nayo yonke imibandela ebekwe kwisigatshana (1), kumele uMasipala akhiphe umyalelo wokuxhunywa kabusha oshoyo ukuthi yonke imibandela ehlongozwe kwisigatshana (1) ilandeliwe nokuthi amasevisi kaMasipala asengabuyiselwa.

(3) UMasipala angayisusa yonke imitha kagesi noma yamanzi uma kutholakala ukuthi ikokotelwe.

### **Ukubizwa kwenzalo**

**21.**(1) Zonke izimali ezikweletayo mayelana nama-akhawuthi amareyithi namasevisi kaMasipala siba nenzalo elingana nezilinganiso zenzalo njengoba kunqunywe kwiMithethonqubo yamaReyithi Omhlaba kaMasipala, 2006 noma kweminye imithetho sebenzayo.

(2) Inzalo ebalwa ezimalini ezidlulewe yisikhathi ingahoxiswa ngesinqumo sikaMasipala ngokweNqubomgomo.

### **Izindleko zokusebenza**

**22.** UMasipala angabiza imali enqunyiwe yokusebenzamayelana ne-akhawunti yekhasimende uma kukhona izinyathelo zomthetho esithathwe uMasipala noma esithathwe egameni lakhe ngokwalo Mthetho kaMasipala noma ngokweNqubomgomo.

### **Ukuzinqumela kukaMasipala ngokwabiwa kwezimali ezikhokhiwe**

**23.**(1) Kuncike esigabeni 12(3), uMasipala angaba izimali ezikhokhiwe mayelana nesikweletu ezihlongozwe lulo Mthetho kaMasipala ngokuzibonela kwakhe, ngaphandle kokuyalelwa ikhasimende ukuthi azabe kanjani lezo zimali.

(2) Uma izimali ezikweletwayo nokumele zikhokhelwe uMasipala ngokwalo Mthetho kaMasipala zingakhokhwanga zonke, imali eshodayo ekhokhwe noma eyemukelwe uMasipala ayisho ukuthi imali isikhokhwe yonke, ngaphandle uma imali encane yemukelwe njengephelele futhi eyenele ngencwadi ngokwamandla adluliselwe lowo msebenzi kamasipala ngokwesigaba 59 soMthetho weziNhlelo zoMasipala.

**Izinyathelo zokuqoqa izimali ezingakhokhiwe**

**24.** (1) UMasipala ungaqoqa izimali, izindleko nenzalo yanoma iziphi izimali ezingakhokhiwe, okubalwa phakathi kwazo –

(a) izindleko nezimali zokusebenza uma izimali ezikhokhelwa uMasipala ngezinhlelo ezithile zezivumelwano zingemukelwa amabhange uma kukhokhwa ngazo;

(b) izindleko zomthetho nezokusebenza, okubalwa izindleko zabameli nommangali nezindleko zokulandelela ezibangelwa ukucingwa kwesikweletu;

(c) izimali zokunciphisa, zokunqamula nezokuxhuma kabusha, uma amasevisi encishisiwe noma enqanyuliwe ngenxa yokungalandelwa kwalo Mthetho kaMasipala;

(d) noma ikuphi ukulahlekelwa kukamasipala ngenxa yokukokotelwa kwempahla noma kwamamitha kaMasipala; kanye

(e) nanoma iziphi izimali zokuqoqa izikweletu ezivelayo.

(2) Kuncike esigabeni 18, uma imali okumele ikhokhelwe uMasipala mayelana ne-akhawunti yamareyithi noma yamasevisi kamasipala ihlala ingakhokhiwe, yonke noma ingxenye yayo, sekwedlule usuku lokukhokhwa kwayo, umuntu ongakhokhi kahle --

(a) angafakwa ohlwini lwabacwile ezikweletini; futhi

(b) adluliselwe kubaqoqi beziwkeletu noma kubameli ukuze kuqoqwe izimali.

(3) Uma kwenzeka kudluliselwa isikweletu esingakhokhiwe kubaqoqi bezikweletu noma kubameli ukuze basiqoqe, umuntu othintekayo uyothwala izindleko zenzalo nezezimali zokuqoqa isikweletu ezidalwe yilokho.

(4) Isinyathelo esithathwe ngokwalo Mthetho kaMasipala angeke simiswe noma sihoxiswe ngaphandle uma

(a) izimali ezikweletwayo, izindleko, inzalo yayo, nesibambiso esengeziwe, uma uMasipala esidinga, zingakakhokhwa zonke; noma

(b) izinhlangothi odabeni zingena esivumelwaneni sokukhokhelana esibhalwe phansi.

(5) Kuncike ohlamvini 10 lukaSheduli 2 woMthetho weziNhlelo zoMasipala, noma iyiphi imali ekweletwayo kwi-akhawunti yomsebenzi kamasipala ingadonswa uMasipala ezimalini zezibonelelo noma eholweni lomsebenzi kaMasipala, njengoba kungaba njalo.

(6) UMasipala angangena esivumelwaneni nanoma yiliphi ikhansela elikweletayo ukuze kudonswe izimali ezingakhokhiwe emalini yesibonelelo salo ikhansela.

(7) Izimali ezibizwayo, izindleko nenzalo etholakale ngokwesigatshana (1) ingahlanganiswa nemali ekweletwa yi-akhawunti yomuntu othintekayo.

(8) Isamba noma indlela yokubama inzalo ebizwa noma isamba noma indlela yokubala izindleko sokuqoqa isikweletu kumele iphasiswe umkhandlu kaMasipala ngevoti leningi lamalungu awo ngokwesigaba 75A soMthetho weziNhlelo zoMasipala.

### **Isivumelwano noMqashi**

**25.**(1) Kuncike esigabeni 103 soMthetho weziNhlelo zoMasipala, uMasipala, angayalela ukuba kuqoqwe izimali ezishodayo okumele zikhokhwe yikhasimende kuMasipala futhi, ngemvume yekhasimende, angene esivumelwaneni nomqashi wekhasimende ukuze kudonswe eholweni lekhasimende nyanga zonke izimali ezithile okuyovunyelwana ngazo.

### **Ukuvuma isikweletu**

**26.**(1) Noma imuphi umuntu okweleta uMasipala angacela ukusayina incwadi yokuvuma isikweletu ngefomu elinqunyelwe lokho uMasipala elisho imibandela okungavunyelwana ngayo noMasipala ukuze kukhokhwe lesi sikweletu.

(2) Uma imali okumele ikhokhwe umuntu ngohlelo lokuvuma isikweletu oluhlongozwe kwisigatshana (1) izokhokhwa ngezitolimende, yonke imali ekhokhiwe kumele ifakwe ekuncishisweni kwesikweletu esihlanene salowo muntu ngendlela enqunywe kwiNqubomgomo, kubhekelwa noma yimuphi umyalelo ophikisa lokho ovela kumuntu othintekayo.

(3) Umuntu angacelwa ukuba ahlele ukuba imali ekweletwayo ibanjwe ebhange lapho umuntu eyosayina khona incwadi yokuvuma isikweletu ehlongozwe kwisigatshana (1).

(4) Kuncike kwisigatshana (5), akukho ncwadi yokuvuma isikweletu eyogunyaza ukuba isikweletu sikhokhwe ngaphezu kwezinyanga ezingu-24.

(5)(a) Ukuvuma isikweletu okuhlinzekela ukuba isikweletu sikhokhwe esikhathini esingaphezu kwezinyanga ezingu 24 kungemukelwa uMkhandlu uma kudluliselwe amandla, uma kunezimo ezingejwayelekile umuntu obengeke akwazi ukuzigwema noma ukuzinqanda futhi ngokubona kwe-CFO, okugunyaza ukuba kukhokhwe isikhathi eside; futhi

(b) Kumele umuntu adalule ubufakazi obubhalwe phansi banoma iziphi izimo ezingejwayelekile njengoba kuhlangozwe endimeni (a) uma kucela uMasipala.

(6) UMasipala kumele, ngokubona kwawo njengoba kubekwe kwisigatshana (5), ubhekelele umuntu mayelana –

(a) nomlando wezikweletu;

(b) ukusebenzisa kwalo amasevisi;

(c) ikhono lokukhokha izitolimende ezihlongozwayo, kubhekelelwa isimo sezezimali somuntu;

(d) amazinga amasevisi;

(e) ukwep hulwa kwezivumelwano zaphambilini zokukhokhwa kwezimali ezisilele ngezitolimende; kanye

(f) nezinye izizathu ezibambekayo.

(7) Uma umuntu ehluleka ukulandela imigomo yokuvuma isikweletu ehlongozwe kwisigatshana (1), isamba sesisonke esikweletwayo, kubandakanya nezimali ezingakhokhiwe, inzalo yazo, izimali zokuqoqa isikweletu, nokukhokhwa kwediphozi enkulu uma uMasipala enquma kanjalo, kuyodingeka ikhokhwe ngaleso sikhathi, idiphozi eyengeziwe, uma kudingeka, kumele ikhishwe, ngaphandle kwesinye isaziso.

(8) Uma umuntu ehluleka ukulandela imigomo yencwadi yokuvuma isikweletu ebekwe kwisigatshana (1) okuyincwadi esuke isayinwe ngemuva kokuthola isaziso sokunqanyulwa kwamanzi noma kogesi, noma kokubili njengoba kungenzeka, lawo masevisi kaMasipala anganqanyulwa ngaphandle kokuthi kukhishwe esinye isaziso, ngaphezu kwanoma isiphi esinye isinyathelo esithathwe noma esingathathwa umasipala ngalowo muntu othintekayo.

(9) UMasipala angeke ukwemukele ukuvunywa kwesikweletu okuvela kumuntu uma –

(a) ehlulekile ukuhlonipha isivumelwano sokuvunywa wesikweletu saphambilini ngokungakhokhi imali okuvunyelwene ngayo noMasipala, ngaphandle uma i-CFO ithatha isinqumo ngezizathu ezizwakalayo ezibekiwe;

(b) isikweletu esingakhokhiwe sikhulile ngenxa yokungakhokhi nokuhoxiswa kwezimali ezidonswayo;

(c) kube nokukokotelwa kukagesi okuphindaphindayo;

(d) ekhishelwe amasevisi kamasipala; noma

(e) nanoma yisiphi ezinye izizathu ezingabekwa kwiNqubomgomo.



(10) Uma isisayiniwe incwadi yokuvuma isikweletu ehlongozwe kwisigatshana (1), isamba esesidlulelwe yisikhathi kumele sivele njengemali ekweletwayo ngaleso sikhathi.

#### **ISAHLUKO 4**

#### **UZISO KWABAHLWEMPU NEZIKWELETU EZINGASAKHOKHEKI**

##### **Usizo kwamahlwempu**

**27.(1)** UMasipala ungasiza umuntu othathwa uMasipala njengohluphekayo kuncike kwinqubo yokufaneleka enqunywe kwiNqubomgomo.

(2) Umuntu ofanelekile ukuba athole usizo ngokwesigatshana (1) kumele akulungele ukuthi ashintshelwe ekusebenziseni ikhadi noma nini uma uMasipala ecela ukuba enze njalo.

(3) UMasipala ungahlola izikhathi ngezikhathi abantu abathola usizo ngokwesigatshana (1) ukuze uqinisekise ukuthi basahlangabezana yini nemibandela yokusizwa, futhi uma bengasahlangabezani, athathe izinyathelo ezifanele ukuze ahoxise lolo sizo abalutholayo, kuncike ekulandelweni koMthethosisekelo nemigomo yezobulungiswa efanele.

##### **Izikweletu ezingasakhokheki**

**28.(1)** Uma isikweletu esikweletwa uMasipala sithathwa njengesingasakhokheki ngokwenqubo ebekwe kwiNqubomgomo, futhi kuncike ekutheni zikhona izinhlinzeko ezanele zokubhekelela izikweletu ezimbi kuMasipala, i-CFO kumele yesule lesi sikweletu ngokuhambisana neNqubomgomo.

(2) I-CFO kumele ibike emkhandlwini emhlanganweni olandelayo yonke imali esuliwe njengezikweletu ezingasakhokheki ngokwesigatshana (1), futhi lolo lwazi kumele lufakwe ezitatimendeni zesabelomali zanyanga zonke okumele zenziwe imenenja kaMasipala ngokwesigaba 71 soMthetho wokuPhathwa kweziMali zoMasipala.

#### **ISAHLUKO 5**

#### **OKUNGXUBEVANGE**

##### **Amalungelo kaMasipala okungena ezakhiweni**

29.(1) Ngokulandela iNqubomgomo nesigaba 101 soMthetho weziNhlelo zoMasipala, umsebenzi ogunyaziwe angangena kunoma isiphi isakhiwo nganoma isiphi isikhathi esifanele ukuze azofunda, azohlola noma azolungisa imitha noma okunye ukuxhunywama kwamasevisi, noma ukuzonqamula, ukuzovala noma ukuzonciphisa ukutholakala kwanoma imaphi amasevisi.

(2) Uma kwenzeka ngandlela thile kuba nokuvimbeka noma ukwenqabela ukungena okungenasizathu, kuyobizwa inhlawulo yokunqanyulwa kwamasevisi kwi-akhawunti, ngaphezu kwanoma yiziphi izinhlawulo ezinganqunywa ngokwesigaba 35.

### **Ukuthunyelwa kwezincwadi**

30. Uma uMasipala ekhipha noma iyiphi i-akhawunti, isaziso noma enye incwadi ngokwalo Mthetho kaMasipala okudigeka ukuba inikezelwe noma ihanjiswe uMasipala kunoma imuphi umuntu, leyo ncwadi kumele

- (a) ithunyelwe ngeposi elejwayelekile ekhelini lokugcina elaziwayo lomuntu;
- (b) nge-*email* ehlinzekwe yilowo muntu;
- (c) ngomqafazo (sms) kumakhalekhukhwini womuntu; noma
- (d) inikezwe noma ihanjiswe ngokwesigaba 115 soMthetho weziNhlelo zoMasipala noma ngokoMthetho wezokuXhumana Ngamakhompyutha, 2005 (uMthetho No, 36 ka 2005).

### **Ubufakazi obuqanda ikhanda bezincwadi**

31. Ngokwezinhloso zokuqoqwa kwanoma iziphi izimali ezikweletwa uMasipala ngokwalo Mthetho kaMasipala –

- (a) ikhophi yaleyo akhawunti; kanye
- (b) nesitifiketi esikhishwe uMasipala esiqinisekisa isamba, kuyoba yibona bufakazi obuphelele obuqanda ikhanda bolwazi oluqokethwe kulezo zincwadi.

### **Ukuvuselelwa kwemininingwane yamakhasimende**

32. I khasimende noma umnikazi, njengoba kungaba njalo, kumele lihlinzeke uMasipala ngemininingwane emisha yalowo muntu uma eshintsha imininingwane yakhe, noma uma kucela uMasipala, okubalwa phakathi kokunye –

- (a) imininingwane yokuxhumana yekhasimende noma yomnikazi;
- (b) imininingwane yomabi noma yomphatheli uma kuyindawo yomuntu owashona;

(c) ukuhlakazwa noma ukuvalwa kwenkampani, ibhizinisi noma ithrasti uma inkampani, ibhizinisi noma ithrasti ingumnikazi we-akhawunti;

(d) neminingwane —

(i) yabaqondisi benkampani;

(ii) abanikazi bebhizinisi; kanye

(iii) namalungu ethrasti,

(e) isaziso senkampani noma sebhizinisi elingaphansi kohlangulo noma elihlakazwayo; noma

(f) izinguquko kumalungu, abaqondisi noma amalungu ethrasti noma umuntu ngokoMthetho.

### **Ukuxhuma ngokungemthetho**

**33.**(1) Umnikazi nguyena onejoka lokuqinisekisa ukuthi imitha yamanzi noma kagesi yakhe iphephile.

(2) Akekho umuntu —

(a) ongazixhumena, ongazama ukuxhuma kabusha noma avumele noma adale ukuthi kuxhunywe kabusha amasevisi kaMasipala lapho uMasipala enciphise noma evale lawo masevisi;

(b) ongakokotela, ongaphula noma axakazise noma iyiphi impahla kamasipala noma asebenzise noma aphazamise ngokungemthetho amasevisi kamasipala ahlinzekwa nguMasipala; noma

(c) ngabomu, ongasebenzisa noma asabalalise noma yimaphi amasevisi kamasipala atholakale ngokungemthetho.

(3) Umuntu kumele azise uMasipala uma ebona kuxhunywe ngokungemthetho.

(4) Uma kunobufakazi bokuxhuma ngokungemthetho, kumele kuthathwe ngokuthi umnikazi nguyena ovumele lokhu kuxhuma ngokungemthetho.

(5) Uba kunobufakazi obuqanda ikhanda bokuxhuma ngokungemthetho, bokukokotela noma bokuphazamisa okukhulunywe ngakho kwisigatshana (2), uMasipala unelungelo lokunqamula amasevisi ngaleso sikhathi ngaphandle kwesaziso kumnikazi futhi umnikazi nguyena oyothwala izindleko ezidingwa ngumasipala zokuvalwa nezokubuyiselwa kwamasevisi.

## **ISAHLUKO 6**

## UKUTHENGWA KWEMPAHLA NAMASEVISI UMASIPALA

### Imisebenzi yokuhlinzekwa kwempahla namasevisi uMasipala

34.(1) Uma efaka ithenda yokuhlinzeka impahla noma amasevisi azokwenzelwa uMasipala, wonke umuntu ofaka ithenda kumele aqinisekise ngendlela ezokwenelisa uMasipala ukuthi wonke ama-akhawunti amasevisi kaMasipala lowo mfaki wethenda noma abaqondisi, amalungu, abanikazi, ozakwabo noma amalungu ethrasti ayakhokha, nokuthi akhokhile ngokuhambisana nezisingo eziqukethwe kwiNqubomgomo nakwiNqubomgomo yokuKhishwa kwamaThenda kaMasipala.

(2) UMasipala, ngokubona kwakhe, angabheka wonke ama-akhawunti abantu abanamathenda kuMasipala ukuthi asesimweni esifanele yini, kanti uma bekweleta, noma iyiphi imali okumele ikhokhelwe labo bantu ingafakwa ezimalini ezikweletwa uMasipala.

(3) Uma indawo kasonkontileka asebenzela kuyo ingaphandle kwemingcele kaMasipala, kumele kulethwe isiTifiketi esiKhulula iNgeniso (Revenue Clearance Certificate) esivela kulowo masipala asebenzea kuwo.

(4) Uma usonkontileka, abaqondisi, amalungu, ozakwabo noma amalungu ethrasti, bekwelta uMasipala amareyithi noma amasevisi futhi lowo sonkontileka kudingeka akhokhelwe uMasipala ngempahla nemisebenzi ayihlinzeke uMasipala, noma ngokwanoma isiphi isivumelwano esikwinkontileka noMasipala, izimali ezilweketwayo zingakhokhwa kulezo zimali.

## ISAHLUKO 7

### OKWEJWAYELEKILE

#### Ukudluliswa kwamacala

35.(1) Umuntu omalungelo akhe ayahlukumezeka ngesinqumo ezithathwe umsebenzi ogunyaziwe ngokwalo Mthetho kaMasipala angadlulisa udaba lwakhe ngaleso sinqumo ngowezinhlinzeko zokuDluliswa kwamaCala eziqukethwe esigabeni 62 soMthetho weziNhlelo zoMasipala ngokuthumela isaziso sokudlulisa icala nezizathu zakhe kwiMenenja kaMasipala ezinsukwini ezingu 21 kusukela osukwini aziswe ngalo ngesinqumo.

(2) IMenenja kaMasipala kumele idlulisele lokho kudluliswa kwecala egatsheni elibhekele ukudluliswa kwamacala.

(3) Konke ukudlulisa kwamacala okwenziwayo kwenziwa ngokoMthetho weziNhlelo zoMasipala hhayi ngokwalo Mthetho kaMasipala.

### **Amacala nezinhlawulo**

**36.(1)** Umuntu wenza icala uma –

(a) ephazamisa, evimbela noma egxambukela emsebenzini womsebenzi ogunyaziwe owenza umsebenzi wakhe ngokwalo Mthetho kaMasipala;

(b) ehluleka ukulandela umyalelo osemthethweni noma isaziso esikhishwe ngokwalo Mthetho kaMasipala noma ngokweNqubomgomo;

(c) ehlinzeka ngabomu ulwazi olungamanga noma oludukisayo kumsebenzi ogunyaziwe;

(d) ekokotela, ephula, ephazamisa noma iyiphi impahla okungekamasipala noma amasevisi kamasipala ahlinzekwa nguMasipala;

(e) eqamba amanga ukuze athole imihlomulo noma ukukhululwa ngokwalo Mthetho kaMasipala noma ngokweNqubomgomo; noma

(f) ephula noma yiziphi izinhlinzeko zalo Mthetho kaMasipala.

(2) Noma imuphi umuntu olahlwa yicala ngaphansi kwalo Mthetho kaMasipala uyohlawuliswa isamba esingeke seqe ku R40 000 noma abhadle ejele iminyaka engeqile kwemibili, noma kokubili inhlawulo nokubhadla ejele.

### **Ukudluliselwa kwamandla**

**37.(1)** Kuncike ezinhlinzekweni zoMthethosisekelo nakweminye imithetho kazwelonke neyesifundazwe esebenzayo, onke –

(a) amandla, ngaphandle kwamandla okukhulunye ngawo esigabeni 160(2) soMthethosisekelo;

(b) imisebenzi; noma

(c) amajoka,

anikezwe, ngokwalo Mthetho kaMasipala, uMkhandlu, noma olunye uhlaka lukaMASipala lwezepolitiki, abasezikhundleni ngokwepolitiki, amakhansela noma abasebenzi, angadluliselwa noma angadluliswa yololo hlaka lwezepolitiki, yilowo osesikhundleni ngokwepolitiki, ikhansela noma umsebenzi, emhlanganweni noma kumsebenzi oqashwe uMasipala.

(2) Ukudluliselwa kwamandla ngokwesigatshaa (1) kumele kwenzeke ngokuhambisana nohlelo lokudluliselwa kwamandla olwemukelwa umkhandlu ngokuhambisana nesigaba 59(1) soMthetho weziNhlelo zoMasipala, kuncike kwinqubo ebekwe esigabeni 50\*2) soMthetho.

(3) Noma ikuphi ukudluliselwa kwamandla okuhlongozwe kulesi sigaba kumele kuqoshwe kwiRejista yokuDluliselwa kwaMandla, okumele iqukathe ulwazi mayelana –

- (a) nohlaka noma nomuntu ohlulisela amandla;
- (b) okudluliselwa kuye amandla; kanye
- (c) nemibandela ehambisana nokudluliswa kwamandla.

### **Imithetho echithwayo negcinwayo**

**38.(1)** IMithetho kaMasipala ebalulwe ohlwini lokuqala nolwesibili lweSheduli ekulo Mthetho kaMasipala ngalokhu iyachithwa ngobubanzi obubalulwe ohlwini lwesithathu lwale Sheduli.

### **Isihloko esifingqiwe nokuqala kokusebenza komthetho**

**39.** Lo Mthetho kaMasipala ubizwa ngoMthetho kaMasipala wokuLawula nokuQoqa iziKweletu, 2013 kanti uqala ukusebenza ngosuku oyoshicilelwa ngalo kwiGazethi yesiFundazwe noma ngosuku olubhalwe kwisaziso esihambisana nawo.

## **UHLELO**

### **IMITHETHO ECHITHWAYO**

<i>Inombolo womthetho</i>	<i>ngonyaka</i>	<i>Isihloko</i>	<i>Ubungako obuchithwayo</i>
UMthetho kaMasipala No. 47 ka 2008		UMthetho kaMasipala waseThekwini wokuLawula nokuQoqa iziKweletu	Wonke